INOVENA KAJOSEFA OCWEBILEYO

10 - 18 MARCH 2021

USUKU LWESITHUPHA: 15 March 2021

Josefa Ocwebileyo, Mmeli wemindeni

Josefa Ocwebileyo, ngiyambonga uNkulunkulu ukuthi wakwamukela ube inhloko yoMndeni Oyingcwele wacwebisa impilo yemindeni ngesibonelo sakho. Wawungumlondolozi, ungumeluleki nomduduzi ezidingweni zethu. Wathanda konke owakubona kujwayelekile empilweni yomndeni Kanye nezikhumbuziso ezingcwele zempilo, izinhlupheko nezinjabulo uhambisana noJesu noMaria. Ekubeni ubaba onakekelayo nomnxuseli ongehlulwa, ungummeli nomnxuseli wemindeni, ufanelwe indawo kuyo wonke amakhaya. Yenza amakhaya ethu izindlu eziyingcwele zokukhuleka, nothando, nomnikelo wokubekezela nomsebenzi.

O Josefa Ocwebileyo, thatha uumndeni wami ngaphansi kolondolozo nokuvikelwa kobubaba bakho futhi ube umvikeli omkhulu kukho konke okungasivelela. Njengomndeni sicela ukuthi sijikele kuwe njengomfunzeleli, nomeluleki nomlondi. Siyacela siphe, kuNkulunkulu, ukuthi impilo imindeni yethu ihambisane neNtando ecwebile kaNkulunkulu. Ngikhulekela futhi nemindeni lapho usizo lwakho ludingeka. Sizuzela Josefa Ocwebileyo, ukuthi sigcwalise ukuthembeka emisebenzini yethu sibheke uNkulunkulu ezikhathini ezinhle nezinzima, ukuze sihlale sibhekile sixwaye zonke izingozi zokona ukuze siphile izimpilo ezingcwele silahle konke okomhlaba sizinikele entandweni kaNkulunkulu. Phendulela amehlo esihawu emindenini eseyibone konke okusukile empilweni uphe isithunzi semisebenzi kanye ukwamukela ikhaya njengoba linjalo.

Josefa Ocwebileyo othandekayo, mlandeli othembekile kaJesu Kristo, Ngiphakamisa inhliziyo yami ukuncenga ukunxuselwa okukhulu nguwe ukuzuza eNhliziyweni enobuNkulunkulu kaJesu wonke amagrasiya engiyadingayo ngokomphefumulo nenhlalakahle, ikakhulukazi igrasiya lokufa okuhle negrasiya elibalulekile engilicela manje …….. Mlondolozi weLizwi elaba umuntu, nginethemba lokuthi imikhuleko yakho, esikhundleni sami, izozwakala kahle phambi kwesihlalo sikaNkulunkulu. Amen.

UMKHULEKO WONYAKA KAJOSEFA OCWEBILEYO

Sibalekela kuwe Josefa Ocwebileyo sisosizini. Sithi sesicelile kumakoti wakho ocwebe cwe ukuba asisize, siyakuncenga nawe ngethemba elikhulu ukuba usilondoloze.

Siyakuncengisisa ngenxa yothando olwakunamathelisa kuMzali kaNkulunkulu, iVirigo elingenasici, nangenxa yothando lwakho olunjengolukayise, owayithanda ngalo ingane uJesu, sicela ukuba ubheke ngomusa ifa eliligugu, uJesu alizuza ngeGazi lakhe, uze uselekelele ngokusiza kwakho okunamandla thina abasosizini.

Wena Mlondolozi onakekelayo wabendlu eyingcwele, awulondoloze abantwana abakhethiweyo bakaJesu Kristo. Baba onesihe kakhulu, akusilondoloze singaze sathelwa ngesifo esithathelwanayo, esiyimfundiso yamanga nokwonakala. Wena Msizi wethu onamandla kakhulu, ake uthi usezulwini, usisize ekulweni kwethu namandla obumnyama.

Njengalokhu wake wophula uJesu eseyingane engozini enkulu yokubulawa, kanjalo-ke manje vikela iBandla eliyingcwele likaNkulunkulu, ulophule emacetsheni onke ezitha zalo nasekuhluphekeni konke. Uze usilondoloze nathi sonke ngaso sonke isikhathi, yikhona sothi sibonela kuwe, sisizwa uwe futhi, sihambe ngokulunga, size sife silungile, sifumane ezulwini ukuthokoza kwaphakade. Amen.

Ngesibomu sikaPhapha uFrancis

Baba wethu,……
Yethi Maria,……
Udumo alube……
Josefa Ocwebileyo, Mmeli weBandla elingcwele, sikhulekele